Tshiamiso TRUST

# Inqubo Yokufaka Izikhalo

## ISINYATHELO 1

### UPHIKISANA NEMIPHUMELA

Uma umbangi ephikisana nemiphumela ekhomba ukuthi akafanelekile ukunxephezelwa, angakwazi ukufaka isicelo sokubuyekeza leyomiphumela ngokulandela lezinhlelo:

- Isikhungo Sezingcingo:
  a. Ngaphakathi eNingizimu Afrika 080 1000 240
  b. Ngaphandle kwaseNingizimu Afrika 00 27 10 500 6186
- Noma yiliphi ihhovisi lapho kufakwa izicelo zokunxephezelwa
- I-email disputes@tshiamisotrust.com

**OKUBALULEKILE:**

Abafaki bezikhalo kufanele bathumele isicelo sokubuyekezwa kwesinqumo kungeqile iinsuku ezingu-30 kusukela i-Trust isikhiphile.

Umuntu angenza isicelo esisodwa kuphela sokuba kubuyekezwe le miphumela.

## ISINYATHELO 2

### UKUHLOLA ISICELO SOKUBUYEKEZA

I Trust izocwanginga izicelo zokubuyekeza imiphumela yokunxephezelwa ngokuzabela kulamaBhodi

- ibhodi yokwelapha noma
- iBhodi yezistifiketi zokunxephezelwa

**OKUBALULEKILE:**

Lapho kudingeka ulwazi olwengeziwe, i-Trust izoxhumana nomfaki wesikhalo.

## ISINYATHELO 3

### UCWANINGO LWEZICELO

LeloBhodi linochwepheshe abazimele ababenga bandakanyi kumphumele owakhomba ukuthi umbangi akafanelekile ukunxephezelwa.

LeloBhodi esabelwe isicelo lizocwaninga yonke imininingwane bese likhipha isixazululo.

**OKUBALULEKILE:**

I-Trust iqalise inqubo yokwakha Igunya Elibuyekezayo elizoqala imisebenzi yalo ngokushesha.

Zonke izicelo ezifanele zezibuyekezo ezifakwe ngaphambi kokuqala kweGunya Elibuyekezayo zizohlolwa uma selihlangana.

## ISINYATHELO 4

### UKWAZISA NGOMPHUMELA WESIBUYEKEZO

Uma iBhodi seliphothulile ucwaningo lizokwazisa umbangi ngeSMS ezoba ineLink lapho umbangi angathola khona incwadi yesixazululo. Isixazululo singakhomba okulandelayo

- Singavumelana nokuthi umbangi akafanelekile ukunxephezelwa; noma
- Singaphikisana naleyomphumela.

Uma umphumela wesibuyekezo uwukushintshwa kwesinqumo sokuqala, umfaki wesikhalo uzokwaziswa nge-SMS. I-SMS izoba nelinki exhuma esazisweni somphumela, esingaphrintwa kunoma yiliphi ihhovisi le-TEBA. Imininingwane yezinyathelo ezilandelayo izonikezwa futhi kulesi saziso.

**OKUBALULEKILE:**

Umfaki wesikhalo uzothola isaziso esinomphumela wesibuyekezo.

Isinqumo seGunya Elibuyekezayo esokugcina futhi ngeke sisaphikiswa.